

IBALAZWE LENQUBO YELAYISENSE YOKUVUKUZA ININGIZIMU AFRIKA

ILAYISENSE

Amalungelo Okuhlolola Ukuvukuza Kanye Nokuvukuza

UHLOBO LWENGCEBO

Yonke Ingcebo Embiwayo

UBUNGAKO

Okumaphakathi Kuya Kokukhulu

ABATHINTEKAYO



Umfakisicelo (Umvukuzi)



UMnyango Wezengcebo Embiwayo Nezamandla



UMphathi Wesifunda (woMnyango Wezengcebo Embiwayo Nezamandla)



IKomidi Lezokuthuthukisa Ezokuvukuza Nezemvelo



Ihhovisi Lezokubhaliswa Kwamatayitela Ezinsiza Ezimbiwayo Nophethilomu

Inqubo yokuthola ilungelo lokuhlolola ukuvukuza eNingizimu Afrika kanye nenqubo yokuthola ilungelo lokuvukuza iyafana. Lo mbhalo uchaze zozimbili izinqubo.

UMthetho Wezokuthuthukiswa Kwengcebo Embiwayo Nophethilomu (i-MPRDA) uchaza futhi ulawule zombili izinqubo.

UNgqongqoshe Wezengcebo Embiwayo Nezamandla ugunyaza ilungelo lokuhlolola ukuvukuza uma isicelo sihlangebazana nezidingo zomthetho kuSigaba 17 se-MPRDA. Lo Ngqongqoshe ugunyaza ilungelo lokuvukuza uma isicelo sihlangebazana nezidingo zeSigaba 23.

Ilungelo lokuhlolola ukuvukuza lisebenza iminyaka emihlanu futhi kumele livuselelwe isikhathi esingengaphezu kweminyaka emithathu. Ilungelo lokuvukuza liqala ukusebenza ngosuku okugunyazwa ngalo ilungelo. Lingabuyekezelwa ukuqhubekela kwesinye isikhathi, iminyaka engama-30 ngesikhathi.

Isigaba 104 (1) se-MPRDA siphinde sihlizekele ukugunyazwa “ilungelo elikhethekile lokuhlolola ukuvukuza noma lemayini” emphakathini wabaphathi bezendabuko ukuze ukuhlololwe ukuvukuza umhlaba ohlala abantu.

Okuhlukile ngelungelo lokuhlolola ukuvukuza

wumgomo wukuthi ‘lisebenzise noma likulahlekele’, okusho ukuthi umnikazi welungelo lokuhlolola ukuvukuza kumele aqale imisebenzi yokuhlolola ukuvukuza ezinsukwini ezingama-120 kusukela ngosuku okuqala ngalo ukusebenza kwelungelo lokuhlolola ukuvukuza.

Phezu kwalokho, ngokweSigaba 20 se-MPRDA, umnikazi welungelo lokuvukuza uvumeleke ukususa nokulahla noma eyiphi ingcebo etholakele emisebenzini yokuhlolola ukuvukuza ngokwemithamo engadingeka ukuze ihlolwe, ihlonzwe noma ihlaziywe.

UKUHQLOLELA UKUVUKUZA KANYE NOKUVUKUZA

IZINYATHELO

ABATHINTEKAYO

1 UKUFAKA ISICELO

Umfakisicelo uthumela isicelo semvumo yokuhlolola ukuvukuza noma ukuvukuza ngohlelo lwe-inthanethi (i-South African Mineral Resources Administration System, i-SAMRAD). NgokoMthetho Wezokuthuthukiswa Kwengcebo Embiwayo Nophethilomu (i-MPRDA), isicelo sokugunyazwa kwezemvelo kumele sifakwe ngokuhambisana nesicelo semvumo nge-inthanethi.



1.1 Umfakisicelo kumele akhokhe imali yokufaka isicelo engenakubuyiswa, ihambisane nesicelo.

1.2 **EZINSUKWINI EZIYI 14** **UKWAMUKELA** Isicelo sinakho konke okudingekayo uma kufakwe yonke imibhalo edingekayo, futhi engekho omunye umuntu onemvumo. UMphathi Wesifunda (umsebenzi woMnyango Wezengcebo Embiwayo Nezamandla) wazisa umfakisicelo ngokubhaliwe ezinsukwini eziyi-14 ukuqinisekisa ukuthi isicelo samukeliwe ukuze sicutshungulwe.



1.3 **UKUCHITHA** Uma umfakisicelo engayinikwanga yonke imibhalo edingekayo, isicelo sizochithwa. UMphathi Wesifunda kumele azise umfakisicelo ngokubhaliwe ezinsukwini eziyi-14 ethole isicelo.

1.4 **EZINSUKWINI EZIYI 14** UMphathi Wesifunda kumele azise umfakisicelo ngokubhaliwe ezinsukwini eziyi-14 kwamukelwe isicelo ukuthi azise umnikazi womhlaba, abantu abahlala kuwo noma abantu Abanentshisekelo Nabathintekayo; bese athumele uhlelo lokuphathwa kwezemvelo.



IBALAZWE LENQUBO YELAYISENSE YOKUVUKUZA

ININGIZIMU AFRIKA

2 UKUBONISANA NOMPHAKATHI

UMphathi Wesifunda ukhipha Isaziso seSigaba 10 se-MPRDA, esidinga ukuthi uMphathi Wesifunda azise abantu abanentshisekelo nabathintekayo ngesicelo esihlongozwayo ukuze kutholakale iziphikiso zabo.



2.1 UKUPHIKISA Uma kwenzeka kuba nesiphikiso seSaziso seSigaba 10, isiphikiso sithunyelwa eKomidini Lesifunda Lezokuvukuza Nezentuthuko (i-RMDEC) ukuze sicutshungulwe. Isicelo siyamukelwa noma sichithwe yi-RMDEC. Uma samukelwe, kulandelwa izinyathelo ezingezansi.



2.2 Umfakisicelo kumele abhale isaziso futhi abonisane nomnikazi womhlaba, umuntu okulowo mhlaba ngokusemthethweni kanye nabanye abantu abathintekayo, bese athumele umphumela walokho kubonisa kuMphathi Wesifunda ezinsukwini ezingama-30 kusukela ngosuku lweSaziso seSigaba 10.



2.3 Umfakisicelo kumele athumele imibiko yezemvelo ihambisana nokungenhla.

3 UKUHLOLA

Ukuhlola koMphathi Wesifunda kubheka ukuba isicelo siyasilandela na Isigaba 17 (izicelo zamalungelo okuhlola ukuvukuza) noma Isigaba 23 (izicelo zokuvukuza) se-MPRDA. Okubhekayo kubandakanya amandla ngokwezimali nangokwezobuchwepheshe, umbiko wokuHlolwa Komthelela Kwezemvelo ogunyaziwe njll., njengoba kubhaliwe ezigabeni ezifanele zomthetho.



3.1 UMphathi Wesifunda udlulisela isicelo kuNgqongqoshe Wezengcebo Embiwayo Nezamandla ukuze sicutshungulwe ezinsukwini eziyi-14.

EZINSUKWINI EZIYI 14

4 UKUGUNYAZWA KWELAYISENSE

EZINSUKWINI EZIYI 60

Ezinsukwini ezingama-30 kutholakale isicelo uNgqongqoshe Wezengcebo Embiwayo Nezamandla kumele azise umfakisicelo ngokubhaliwe ngokuthi isicelo siyamukelwa noma siyachithwa.



4.1 Uma siphumelele, umfakisicelo kumele athumele imvumo yokuvukuza ukuze ibhaliswe eHhovisi Lezokubhaliswa Kwamatayitela Ezengcebo Embiwayo Nophethilomu ezinsukwini ezingama-60 emuva kokukhishwa kwemvumo. Lesi sinqumo sifakwa kuhlelo olubizwa nge-Cadastre System.

EZINSUKWINI EZIYI 60



5 IMISEBENZI YEZOKUHLOLELA UKUKUVUZA KANYE NOKUVUKUZA INGAQALA

